



Fall in love with reading!

Many people know that 14 February is Valentine's Day, but did you know that Library Lovers' Day and International Book Giving Day are also celebrated on this date each year? So, this year on 14 February, combine these three days into one celebration of love and reading by doing these things.

- ♥ Take your children to the library around 14 February to read their favourite stories and to find new ones they might enjoy.
- ♥ Spend time passing on your love of stories on 14 February by reading aloud to your children for a little longer than you usually do, or at a different time of day.
- ♥ Give each of your children a book as a Valentine's Day gift.
- ♥ Ask your children to select a book from their collection to pass on to another child on 14 February.

5 EASY WAYS TO HELP CHILDREN FALL IN LOVE WITH READING

1. **Make stories part of their daily routine.** Cuddle up next to your children to read or tell a story before they go to sleep every night. They will quickly learn to link reading and stories with love.
2. **Let them choose the book.** This helps them to be more interested in the story.
3. **Be a reading role model.** Let your children see you reading for enjoyment too. Our children learn more from watching what we do than from what we say!
4. **Make the story come alive.** Use expression in your voice to help create the mood of the story and use different voices for different characters.
5. **Read to them in the languages they know best.** To learn to love reading, you need to understand the words on the page. The easier it is for your children to understand the stories you read to them, the more they can relax and enjoy the stories.

IZINDLELA EZILULA EZI-5 UKUSIZA IZINGANE ZIBE SOTHANDWENI NOKUFUNDA

1. **Yenza izindaba zibe yingxenywe yenqubo yazo yosuku nosuku.** Zisonge eduze kwezingane zakho ukuze ufunde noma uxoxe indaba ngaphambi kokuthi ziyolale njalo ebusuku. Zizofunda ngokushesha ukukuxhumanisa nothando ukufunda nezindaba.
2. **Mazikhethe incwadi.** Lokhu kuzisiza ukuthi ziyithande kakhudlwana indaba.
3. **Yiba yisibonelo esihle sokufunda.** Izingane zakho mazikubone nawe ufundela ukuzithokozisa. Izingane zethu zifunda kakhudlwana ngokubheka esikwenzayo kunokuzwa esikushoyo!
4. **Yenza indaba ihlabe umxhwele.** Faka impilo ezwini lakho ukusiza ukwakha isimo esithile endabeni bese usebenzisa amazwi ahlukahlukene kubalingiswa abahlukene.
5. **Zifunde ngezilimi ezizazi ngempela.** Ukuze ufunde ukuthanda ukufunda, udinga ukuthi uwaqondise amagama asekhadini. Lapho kulula kakhudlwana ezinganeni zakho ukuqondisa izindaba ozifundela zona, zingakhululeka kakhudlwana bese zizithokozela izindaba.

Yiba sothandweni nokufunda!

Abantu abaningi bayazi ukuthi umhla ziye-14 kuNhlolanja wuSuku Lwezithandani, kodwa uthi ubuwazi nje ukuthi uSuku Lwabathandi Bomtapo Wezincwadi kanye noSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokuphana Ngencwadi nazo zigujwa ngosuku olufanayo njalo ngonyaka? Ngakho-ke, nonyaka mhla ziye-14 kuNhlolanja, hlanganisa lezi zinsuku zibe wumgubho owodwa wothando nokufunda ngokwenza lezi zinto.

- ♥ Thatha izingane zakho uziyise emtatsheni wezincwadi ziye-14 kuNhlolanja ukuze ziyofunda izindaba zazo ezizikhonzile kanye nokuthola izindaba ezintsha ezingase zizithokozele.
- ♥ Yiba nesikhathi udlulisela phambili uthando lwakho lwezindaba ngomhla ziye-14 kuNhlolanja ngokufundela kuzwakale izingane zakho isikhathi esijana kunosejwayele, noma ngesikhathi esahlukile sosuku.
- ♥ Nikeza izingane zakho ngayinye incwadi njengesipho soSuku Lwezithandani.
- ♥ Cela izingane zakho ukuthi zikhethe incwadi emaqoqweni azo ukuze ziyedlulisele kwenye ingane ngomhla ziye-14 kuNhlolanja.



Children can't learn to love reading for enjoyment if ...

- ★ they don't have interesting books and stories around them.
- ★ no one ever reads to them.
- ★ they never see adults reading for enjoyment.
- ★ they are forced to read in a language they don't understand.
- ★ the only time they read, is when they are doing schoolwork or homework.

Izingane azikwazi ukuzifundisa ukuthanda ukufundela ukuzithokozisa uma ...

- ★ zingenazo izincwadi ezimnandi kanye nezindaba eduze kwazo.
- ★ kungekho muntu ozifundelayo.
- ★ zingeze zabona muntu omdala efundela ukuzithokozisa.
- ★ ziphoqwa ukuthi zifunde ngolimi ezingaluqondisi.
- ★ isikhathi ezifunda ngaso kuphela, kuyileso ezisuke zenza ngaso umsebenzi wesikole noma umsebenzi wesikole owenziwa ekhaya.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Nal'ibali news

On 6 October 2018, Nal'ibali won third prize at the African Union's Innovating Education in Africa Expo held in Dakar, Senegal. And guess what? Nal'ibali received this recognition for its bilingual reading-for-enjoyment supplement!

The supplement is currently available in eight of South Africa's official languages and they are printed every second week during school term time. Teachers who receive the supplement say that the children cannot wait for "story week".

"We're really honoured to receive this continent-wide recognition," says Katie Huston, Head of Research and Innovation at Nal'ibali. "People often think that innovation has to mean new technology. The supplement shows that something really simple can have a huge impact."

Nal'ibali's award-winning supplement may be the answer to one of South Africa's biggest challenges: How do we get quality, affordable reading materials into our children's hands? Research has shown that children's reading ability is the thing that contributes the most to their success at school. But in South Africa, only 17% of our schools have libraries stocked with books, and very few homes have more than ten books in them.

"In South Africa, books are expensive and very few are printed in indigenous languages," explained Jade Jacobsohn, Managing Director of Nal'ibali.

"The supplement meets children where they're at, with quality, fun reading material in their home languages," added Huston. "This is important, because having a strong foundation in their home language helps children to learn additional languages, including English, and to succeed at school."

The supplement is a result of partners working together to get reading materials to children and the adults in their lives. It just shows that together we can give all our children the opportunity and support they need to become lifelong readers. Our innovative supplement has now been recognised by the African Union as a way to meet the goals of its Continental Education Strategy for Africa 2016–2025, and also of the United Nations Sustainable Development Goals.

Izindaba zikaNal'ibali

Mhla ziyisi-6 kuMfumfu wezi-2018, uNal'ibali wathola umklomelo wesithathu eMbukisweni Wokwenza Ngcono Imfundo E-Afrika okungumbukiso woBumbano Lwase-Afrika eDakar, kwelaseSenegal. Ungaqagela ukuthini? UNal'ibali othole lokhu kuklonyeliswa ngesithasiselo sakhe sokufundela ukuzithokozsa esilimimbili!

Izithasiselo njengamanje zitholakala ngezilimi eziyisishiyagalombili ezilimini zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni kanti zigaywa njalo ngesonto lesibili ngesikhathi izikole zisavuliwe. Othisha abathola isithasiselo bathi izingane zihlale zililinde ngomdlandla "isonto lezindaba".

"Sizizwa sihloniphekile ukuthola lokhu kuhlonishwa kuzwekazi lonkana," kwasho uKatie Huston, oyinhloko Yezocwaningo Nokwenza Ngcono kwaNal'ibali. "Abantu bavamise ukucabanga ukuthi ukwenza ngcono kusho ubuchwepheshe obusha. Isithasiselo sikhombisa ukuthi into elula ngempela ingaba negalelo elikhulu."

Isithasiselo sikaNal'ibali esihlabana ngemiklomelo singase sibe yimpendulo ezinselelweni ezinkulu zeNingizimu Afrika: Siziletha kanjani ezandleni zezingane zethu izinto zokufunda zezinga eliphezulu, ezingabizi? Ucwango lukhombisa ukuthi amandla ezingane okwazi ukufunda yinto ebamba iqhaza kakhulu ekuphumeleleni kwazo esikoleni. Kodwa-ke eNingizimu Afrika, yizikole zethu eziyi-17% kuphela ezinemitapo yezincwadi enazo izincwadi, futhi ambalwa kakhulu amakhaya anezincwadi ezingaphezu kweshumi.

"ENingizimu Afrika, izincwadi ziyabiza kanti zimbaleka ezigaywa ngezilimi zendabuko," kuchaza uJade Jacobsohn, uMqondisi Ophethe wakwaNal'ibali.

"Isithasiselo sifika ezinganeni lapho zikhona, ngokokufunda kwezinga eliphezulu, nokujabulisayo ngezilimi zazo zebele," kwengeza uHuston. "Lokhu kubalulekile, ngoba ukuba nesisekelo esiqinile olimini lwazo lwebele kuyazisiza izingane ukuba zikwazi ukufunda izilimi ezengeziwe, okubandakanya isiNgisi, kanye nokuphumelela esikoleni."

Isithasiselo siwumphumela wabalingani abasebenza ngokubambisana ukuhambisa izinto zokufunda ezinganeni nakwabadala eziphila nabo. Lokhu kukhombisa nje ukuthi sindawonye singanikeza zonke izingane zethu ithuba nokusekelwa ezikudingayo ukuze zibe ngabafundayo impilo yazo yonke. Isithasiselo sethu esiyinqalabutho manje sesinconywe wuBumbano Lwase-Afrika njengendlela yokuhlangabezana nezinjongo zayo zaMasu Emfundo Yezwekazi Lase-Afrika 2016–2025, kanye neZinjongo Zentuthuko Eqhubekeyo Zehlango Yezizwe.



Drive your
imagination

Making stories part of school life

Let the children at your school experience storytelling and reading regularly as a part of their lives at school – not just in the classroom, but at other times too.



Ukwenza izindaba ingxenye yempilo yasesikoleni

Izingane zesikole sakho mazikuthole ukuxoxa nokufunda indaba kuyinsakavukela empilweni yazo esikoleni – kungabi yinto nje egcina ekilasini, kodwa itholakale nangezinye izikhathi.

Before school

- Encourage parents and other caregivers to read and tell stories to children on their way to school. They can enjoy stories in all eleven languages on their cellphones at www.nalibali.mobi.
- Create a space for picture books where older children who arrive at school early can sit with younger children and read stories to them.

During school

- Turn at least one school assembly a month into a story-focussed one. Arrange for a staff member to tell a story, let a group of children act one out, or ask a class to share with the rest of the school what they have been doing to develop a love of reading.
- Use your school's intercom system for regular storytelling sessions. Teachers and older children can read or tell a story while the rest of the children enjoy listening to it in their classrooms.
- Organise fun book activities for break (interval) times. For example, have a book hunt. Photocopy the covers of about ten of the children's favourite books. On the back of each photocopy, write clues that tell everyone where they need to look to find the next hidden book cover. Then hide the book covers in different places in the playground and let the children have fun using the clues to find them all.
- Start a #Get-Caught-Reading campaign. Let the teachers on playground duty at break time use their cellphones to take photos of children they see reading during break. Print out the photos and display them on a notice board. Create your school's own special "I got caught reading" stickers using self-adhesive labels and give one to each child who is photographed!

After school

- Make reading for enjoyment part of what children do after school too by starting a reading club at your school. You can find out how to do this in Story Power Guide 2, available at www.nalibali.org.

Singakangeni isikole

- Khuthaza abazali nabanakekela izingane ukuthi bazifunde futhi bazixoxele izindaba endleleni eya esikoleni. Zingazithokozela izindaba ezitholakala ngezilimi eziyishumi nanye komakhalekhukhwini bazo ngokuvakashela ku-www.nalibali.mobi.
- Beka indawo yezincwadi zezithombe lapho izingane ezindadlana ezisheshe zifike esikoleni zingakwazi ukuhlala nezincanyana bese zizifundela izindatshana.

Sesingenile isikole

- Yenza ngolunye usuku enyangeni ngesikhathi sokuhlangana kwezingane ekuseni, kugxilwe ekuxoxweni kwezindaba. Hlela ukuthi omunye uthisha axoxe indaba, noma iqembu lezingane lilingise indaba ethile, noma ikilasi litshele zonke izingane ukuthi yini eliyenzile ukuthuthukisa uthando lokufunda.
- Ningasebenzisa uhlelo lokuxhumana kwangaphakathi esikoleni ukwenza ithuba lokuxoxa izindaba. Othisha nezingane ezindadlana bangafunda noma baxoxe indaba ngenkathi ezinye izingane zilalele emakilasini azo.
- Hlela kube nezikhathi lapho kuphunyulwa khona ngokuba nemisebenzi ejabulisayo emayelana nezincwadi. Ukwenza isibonelo, makucingwe incwadi. Yenza amakhophi amakhava ezincwadi ezithandwa kakhulu ezicela eshumini. Bhala izinkomba ezitshela wonke umuntu ukuthi kumele abhekephi ukuze athole enye ikhava. Emva kwalokho fihla amakhava ezindaweni ezahlukenene enkundleni yezemidlalo bese udedela izingane zithokozele ukusebenzisa izinkomba ezizinikiwe ukuze zithole wonke la makhava.
- Qala umkhankaso we-#TholakalaUfunda. Othisha abasuke besenkundleni yezemidlalo ngalolo suku mabasebenzise omakhalekhukhwini ukuthwebula izithombe zezingane abazibona zifunda ngesikhathi sekhefu. Izithombe maziphrintwe bese zibekwa ebhodini lezaziso. Zenzele ezakho izitika ezithi: "Ngitholakale ngifunda" usebenzisa amalebula azinamathelelayo bese unikeza ingane ngayinye ethwetshulwe ifunda!

Sesiphumile isikole

- Qiniseka ukuthi wenza ukufundela ukuzijabulisa kube yingxenye yezinto izingane ezizenzayo noma sesiphumile isikole ngokuthi uqale ithimba lokufunda esikoleni sakho. Ungathola ukuthi ukwenza kanjani lokhu ngokubheka Umkhomandlela 2 we-Story Power, otholakala ku-www.nalibali.org.

Make reading for enjoyment part of your school! For more information and guidance on how to do this, go to www.storypoweredschools.org.



Yenza ukufundela ukuzithokozisa ingxenye yesikole sakho! Ukuthola ulwazi olwengeziwe nokucathuliswa ukuthi ukwenza kanjani lokhu, vakashela ku-www.storypoweredschools.org.

Putting stories at the heart of your school Izindaba mazibe yiziko lesikole sakho

WIN!
WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Circles* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Imizungezo* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 kuya kwele-12), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your imagination

Your story

We always love it when you send us things that you have written, drawn or painted!

Lorato Trok, an author and translator, sent us this piece of writing by her daughter. "My daughter, Oratile, always looks forward to the stories I translate, as I tell them to her every night at bedtime. Now she tries to write stories of her own. Here is one of them," she explained.

Oratile's story is about a boy called Jabulani who is playing with a lion that wants to eat him. Jabulani runs home and hides.



The story is about Jabulani.
Jabulani is playing with the lion.
The lion is eating Jabulani.
Jabulani is running away.
Lion wants to eat Jabulani.
Jabulani is running away from the lion.
The lion wants to eat Jabulani.
Jabulani ran at home to hide.
So the lion can't find him.

By Oratile Trok, 8 years old

Ibhalwe ngu-Oratile Trok, oneminyaka eyisi-8 ubudala

Indaba yakho

Sihlale sikuthanda uma usithumelela izinto ozibhalile, ozidwebile noma ozipendile!

ULorato Trok, ongumbhali nomhumushi, usithumelele lesi siqephu sombhalo wendodakazi yakhe. "Indodakazi yami, u-Oratile, uhlale elindele izindaba engizihumushayo, njengoba ngimxoxela zona njalo ebusuku ngesikhathi sokulala. Manje usezama ukuzibhalela ezakhe izindaba. Nayi enye yazo," kuchaza yena.

Indaba ka-Oratile imayelana nomfana obizwa ngokuthi uJabulani odlala nehubesi elifuna ukumudla. UJabulani ubaleka aye ekhaya bese ecasha.



Here is a poem written by Kirsten Eagles. It is about how much she enjoys the Nal'ibali Supplement.

Nansi inkondlo ebhalwe nguKirsten Eagles. Imayelana nokuthi usithokozela kangakanani Isithasiselo sakwaNal'ibali.

Send us your writing and pictures!

You can post them to: The Nal'ibali Supplement, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Or email them to us at info@nalibali.org. Don't forget to include your full name, age and contact details so that we can contact you.

I love Nal'ibali

Because it is fun

And when my mommy goes to the shop

I always ask her to bring back one!

By Kirsten Eagles, 9 years old

NguKirsten Eagles, oneminyaka eyisi-9 ubudala

Sithumelele imibhalo yakho nezithombe!

Ungakuthumela ngeposi ku-: The Nal'ibali Supplement, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Noma ukuthumele nge-imeyili kuleli kheli: info@nalibali.org. Ungakhohlwa ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhuman nawe ukuze sikwazi ukuthintana nawe.


Create TWO cut-out-and-keep books

Nice and clean

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

Circles

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

Kuhle futhi kuhlankile

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

Imizungezo

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



Drive your imagination





The week after that, the shoots
had grown tall and blossomed. A
butterfly sipped at the flowers and a
songololo rested in their shade.

Ngesonto elilandela lelo, amahlumela
ayesekhule abe made, aqhakaza nezimbali.
Uvemane lwaluzincelela izimbali
neshongololo liziphumulele emthunzini wazo.




Circles Imizungezo

Alex Latimer
Gordon Latimer
Patrick Latimer


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark and embed a culture of reading
across South Africa. For more information, visit
www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela
ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa
isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana.
Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela
ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Ngesonto ellandelayo,
bavakashela inyamazane efile.
Uhlaka lwamathambo ayo
lwaluhlanzekile futhi lumhlophe,
kanti izimila ezincaze zase ziqalile
ukukhula phakathi kwamathambo.




A week later, a pair of weavers was
picking the leaves to build a nest. Bees
were collecting pollen from the blossoms.
And a spider had made her home between
the buck's horns.


“Where do we leave all those things?”
asked the little vulture.

“We leave them in our children and in
our family and friends. You are already my
green patch on earth, Little Vulture. And
you will be, forever.”

“Sizishiyaphi zonke lezo zinto?” kubuza
inqe elincane.

“Sizishiya ezinganeni zethu kanye
nasemindenini yethu nakubangani. Wena
usuvele uyisiqeshana sami esiluhlaza
okotshani emhlabeni, we Linqe Elincane.
Futhi uyohlale uyiso, naphakade.”






The next week, they visited the dead buck. Its skeleton was clean and white, and tiny plants had started to grow between the bones.


Ngemuva kwesonto, amahlolokohloko amabili ayecosha amaqabunga ukuze akhe isidleke. Izinyosi zazizithathela impova ezimbali. Kanti isicabucabu sase senze ikhaya laso phakathi kwezimpondo zenyamazane.

On a cliff there lived a young vulture with his mother.

Eweni kwakuhlala inqe eliselincane kanye nonina.



“Ngiyazi,” kwasho unina. “Ukufa kunzima kakhulu, futhi kudabukisa kakhulu. Kodwa kuhle futhi.”
“Lutho,” kwasho inge elincane.
“Klo-klo.”
“Awume,” kwasho yena.
“Sizobuya lapha ngokushesha, uzobona.”



And the week after that, they saw a young gemsbok nibbling the tasty shoots.



“It is not just our bodies we leave behind when we die,” said the mother vulture. “We also leave our lessons and our love and our memories.”



“Akuyona nje kuphela imizimba yethu esiyishiya ngemuva uma sifa,” kwasho unina wenqe. “Siphinde sishiye izifundo zethu kanye nothando nesingakhunjulwa ngakho.”

Sisebenzisani lapho sigeza? Amanzi ahlanzekile
nensipho. Masidlale ngamagwebu!



What do we use to wash ourselves?
Clean water and soap. Let's play
with bubbles!

Bese ngemuva kokuba sesidlile-ke? Sigeza
izandla zethu bese sixubha amazinyo ethu!



And after we've eaten? We wash
our hands and brush our teeth!



Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust
and the Project for the Study of Alternative Education in
South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA,
go to www.praesa.org.za.

Ikhiqizwe kabusha ngomusa wemvume
yabakwaThe Little Hands Trust kanye nabakwaProject for the
Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). Ukuthola
kabanzi ngabakwaPRAESA, iya ku-www.praesa.org.za.



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark and embed a culture of reading
across South Africa. For more information, visit
www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela
ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa
isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana.
Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela
ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Nice and clean Kuhle futhi kuhlanzekile



Tesfaye G. Mariam
Alzette Prins
Danisile Ntuli

Ngaphambi kokuba sidle, qagela ukuthi
senzani? Sigeza izandla zethu!



Before we eat, guess what we do? We wash
our hands!




Everybody needs to
wash. What do we
wash? Our hands and
face and body too!

Wonke umuntu
uyakudinga ukugeza.
Yini esiyigezayo? Izandla
zethu nobuso kanye
nomzimba!



Now everybody's nice and clean!



Manje-ke, wonke umuntu
muhle futhi uhlanzekile!



Kwathi ngenumva kwesonto elilandelayo, babona inyamazane esencane idla amahlumela anambithhekayo.



"I know," said his mother. "Death is very difficult, and very sad. But it is also beautiful."
 "No ways," said the young vulture. "Yuck."
 "Just wait," she said. "We will come back here soon and you will see."

The two of them flew back to their nest high up on the cliff.




Womabili andize aphindele emuva esidlekeni sawo esiphezulu laphaya eweni.

When he was old enough to fly, his mother took him high into the air and they circled together, watching the ground below.

"I want to show you something beautiful," she told her son.

Lathi uma selikhule ngokwanele ukuthi lindize, unina waya nalo phezulu emoyeni base bezungeza ndawonye, bebukela umhlaba phansi.

"Ngifuna ukukukhombisa into ethile enhle," unina etshela indodana yakhe.



They saw an old gemsbok
staggering through the heat.
“Look there. That gemsbok
won’t last long.”

Babona inyamazane
(inkukhama) endala idiyazela
ekushiseni kwelanga. “Bheka
laphaya. Leya nyamazane
ngeke iphile isikhathi eside.”



Sure enough, the buck collapsed right
there and died. The two vultures flew down.
“This isn’t beautiful,” said the young
vulture to his mother. “This is horrible!”

Nebala, inyamazane yavele yawa khona
lapho yafa. Amanqe amabili andiza ehla.
“Akukhule lokhu,” kwasho inge elincane
kunina. “Lokhu kubi ngempela!”



“Well?” said the vulture’s mother. “Look
at the life one buck has given. He has given a
spider a home and weavers a nest, fed bees and
butterflies, sheltered a songlolo, and helped the
next generation of buck grow strong.”

“Uyabona-ke?” kwasho unina wenge.
“Bheka nje impilo elelwa yinyamazane eyodwa.
Inikeze ulwembu ikhaya namahlokokholoko
isidleke, yondle izinyosi nezimvemvane,
yakhoselisa ishongolongo, yabuye yasiza
isizukulwane esilandelayo sezinyamazane ukuthi
sikhule siginile.”

Inge elincane lamoyizela.



Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Circles* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), *Nice and clean* (pages 9 and 10) and *Lolo fixes the internet* (page 14).

Circles

Even though it is hard when someone we love dies, we always carry a piece of them in our hearts. In the heart below, draw something that reminds you of a loved one who has died. Include a message too, if you would like to.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi imisebenzi eyenzelwe ukuthi uyizame. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Imizungezo* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12), *Kuhle futhi kuhlanzekile* (amakhasi 9 nele-10) kanye nethi, *ULolo ulungisa i-inthanethi* (ikhasi le-15).

Imizungezo

Nakuba kunzima uma othile esimthandayo eshona, sihlala siphethe isiqeshana esithile sakhe ezinhliziyweni zethu. Enhliziyweni engezansi, dweba okuthile okukukhumbuza othandiweyo osewashona. Faka ngisho nomyalezo, uma uthanda.



Nice and clean

- ★ Write a funny story about slippery soap and washing.
- ★ Draw a picture of yourself when you are dirty, and then a picture of yourself once you are nice and clean again. Use your pictures to tell a story about what happened to make you so dirty and then how you got nice and clean!



Kuhle futhi kuhlanzekile

- ★ Bhala indaba ehlekisayo ngensipho eshelelayo nokugeza.
- ★ Dweba isithombe sakho sangenkathi ungcolile, kanye nesithombe sakho uma umuhle, uhlanzekile. Sebenzisa izithombe zakho ukuxoxa indaba mayelana nokwenzekile okwenze wangcola kangaka kanye nokuthi uphenduke kanjani waba muhle futhi wahlanzeka!

Lolo fixes the internet

Have you done something you are proud of? Create a certificate of achievement to congratulate yourself – and then display it where everyone can see it!



ULolo ulungisa i-inthanethi

Kukhona okwenzile oziqhenyayo ngakho? Yenza isitifiketi sokuzuzwa ukuze uzihlalisele wena – bese ukhangisa ngaso lapho wonke umuntu azokwazi ukusibona khona!





Lolo fixes the internet

By Kgosi Kgosi ■ Illustrations by Vian Oelofsen



Lolo was a clever little girl who lived in the village of the Batswana people. This beautiful village was like no other in the world. The people there were really clever and they were ahead of their time. Lolo was the smartest of them all.

In Lolo's village, the internet was the most important tool. If you visited the village, you'd find school children using their computer tablets to find the information they needed to finish their schoolwork. Many people had cars that could fly and they controlled these cars by using the internet. People used the internet for EVERYTHING!

And then one day – *POOF!* Suddenly the internet was gone. Everyone thought that maybe it had gone down for a while and that it would work again later, but they were wrong.

The king and queen of the village made an announcement on the community radio and television stations. They said that the internet would be down for a long time. Everyone in the village was shocked. Lolo watched in amazement as every child in her school panicked.

"Our lives are over!" shouted one of her friends grabbing Lolo by her shoulders.

One of Lolo's teachers ran out of the classroom, grabbed her arm and said, "Do something, Lolo! You are the clever one." Then the teacher ran off crying.



Lolo could not understand what the fuss was about. "Everyone is behaving as if the world is coming to an end!" she thought. She decided that the next day she would pay the king and queen a visit to find out about the problem.

When Lolo arrived at the Royal House, she was welcomed with a glass of warm milk and a plate of chocolate chip biscuits. Lolo ate some of the biscuits while she waited for the king and queen. They were the best biscuits she had ever tasted.

The king and queen arrived and greeted Lolo. They began to talk about the problem in the village. The queen explained that their ministers had found out that the problem was with a satellite that was far, far away – all the way up in space!

"So," said the queen, "it is not just our village, but the whole world that does not have the internet." The queen then held Lolo's hand and said, "My child, we are looking for someone really clever to get into the royal spacecraft, travel into space and fix the satellite."

"Lolo," said the king, "you are the only person for the job! If you do this, you will be doing the whole world a favour."

Lolo felt excited and nervous all at the same time. She had read that going into space was a dangerous thing to do, but she agreed to go.

For days, the little girl worked alongside the space crew to prepare for this special mission. She learnt how to fly and control the spacecraft and she learnt how to float in space. Soon Lolo was ready to fly off into space.

On the day that Lolo left, everyone was there to watch. People threw flowers at her for good luck. Others sang songs of encouragement. Lolo felt so loved.



Lolo climbed into the spacecraft and all the technicians turned the engines on. Moments later, the spacecraft left earth. After flying for what seemed like a long, long time, the spacecraft landed at the space station. Lolo could see the satellite from the window. She contacted the king and queen using a special type of radio to let them know that she had arrived safely. Everyone at home celebrated and her parents were especially happy to know that their daughter was alive and well.

But the mission didn't go quite as planned. For days Lolo struggled to work out what the problem was. She knew that the success of the mission was in her hands and she didn't want to let everyone down. Eventually the space team's food and water began to run out. The mission had become very difficult, but still the clever little girl kept working and working, until one day ... she had worked it all out! One of the cables on the satellite had burnt out and needed to be replaced. Once Lolo had done that, the internet was back! Everyone in her village and all over the world celebrated.

After a hard, but successful mission, Lolo returned home. She was a hero! The king and queen were so proud of her that they gave her a medal of honour and named their next child after her.



ULolo ulungisa i-inthanethi

NguKgosi Kgosi Imidwebo nguVian Oelofsen



ULolo kwakuyintombazanyana ehlakaniphile eyayihlala esigodini sabeTswana. Lesi sigodi esihle sasingefaniswe nasinye emhlabeni. Abantu balapho babehlakaniphe ngempela futhi bephambili ngokwesikhathi ababephila kuso. ULolo yena wayehlakaniphe ukubedlula bonke.

Esigodini sikaLolo, i-inthanethi kwakuyisisetshenziswa esibaluleke kakhulu. Uma uvakashela isigodi, wawuthola izingane zesikole zisebenzisa amakhompiyutha angamathebhu lethi ukuze ziithole ulwazi eziludingayo ukuze ziqedele umsebenzi wazo wesikole. Abantu abaningi babenezimoto ezikwazi ukundiza futhi babezilawula lezi zimoto besebenzisa i-inthanethi. Abantu babesebenzisa i-inthanethi KUKHO KONKE!

Kwase kuthi ngolunye usuku – *CISH!!* Ngokuphazima kweso i-inthanethi yayisinyamalele. Wonke umuntu wayecabanga ukuthi mhlawumbe yayiphansi okwesikhashana futhi izophinde isebenze kamuva, kodwa babeshaye phansi.

Inkosi kanye nendlovukazi yendawo benza isimemezelo emsakazweni womphakathi naseziteshini zikamabonakude. Bathi i-inthanethi ayizukusebenza isikhathi eside. Wonke umuntu esigodini wayethukile. ULolo wabuka ngokumangala ngesikhathi zonke izingane esikoleni sakhe zitatazela.

“Sekuphelile ngempilo yethu!” kumemeza omunye wabangani bakhe ebamba uLolo emahlombe akhe.

Omunye wothisha bakaLolo wagijima waphuma ekilasini, wambamba ngengalo wayesethi, “Yenza okuthile, Lolo! Wena phela unghlakaniphile.” Emva kwalokho uthisha wagijima waqhela ekhala.



ULolo wayengaqondisisi ukuthi ukukhathazeka okungaka kwakumayelana nani. “Wonke umuntu uziphatha sengathi umhlaba usufinyelele ekugcineni!” kucabanga yena. Wanquma ukuthi ngosuku olulandelayo uzovakashela inkosi kanye nenkosikazi ukuze athole okuthile ngenkinga leyo.

Wathi lapho efika uLolo eSigodlweni, wamukelwa ngengilazi yobisi olufudumele kanye nepuleti lamakhekhe kashokolede. ULolo wadla amakhekhe ambalwa ngesikhathi elindele inkosi nendlovukazi. Kwakungamakhekhe amnandi ngendlela ayengakaze ayizwe.

Inkosi nendlovukazi bafika babingelela uLolo. Baqala ukukhuluma ngenkinga ekulesi sigodi. Indlovukazi yachaza ukuthi izinduna zabo zase ziithole ukuthi inkinga yayikusathelayithi ekude, kude le – phezulu emkhathini!

“Ngakho-ke,” kwasho indlovukazi, “akusona nje isigodi sakithi, kodwa yiwo wonke umhlaba ongenayo i-inthanethi.” Indlovukazi yabe isibamba isandla sikaLolo maqede yathi, “Mntanami, sifuna umuntu ohlakaniphe ngempela ongagibela indizamkhathi yasebukhosini, ahambe aye emkhathini bese elungisa isathelayithi.”

“Lolo,” kwasho inkosi, “nguwena kuphela umuntu ofanele lo msebenzi! Uma wenza lokhu, uzobe wenzela wonke umhlaba ufefe.”

ULolo wazizwa ejabulile futhi enovalo ngasikhathi sinye. Wayeke wafunda ukuthi ukuya emkhathini kwakuyinto eyingozi ukuyenza, kodwa wavuma ukuhamba.

Kwaba yizinsuku, intombazanyana isebenza kanye nethimba lomkhathi ukulungiselela lolu hambo olukhethekile. Yafunda ukuhamba emoyeni kanye nokulawula indiza-mkhathi yaphinde yafunda ngokuntanta emkhathini. Ngokushesha nje uLolo wayesekulungele ukundiza aye emkhathini.

Ngosuku ahamba ngalo uLolo, wonke umuntu wayekhona ukuzobukela. Abantu babemphonsela izimbali ukumfisela inhlanhla. Abanye babecula izingoma zokumkhuthaza. ULolo wazizwa ethandwa ngempela.



ULolo wagibela kundiza-mkhathi kwase kuthi bonke ochwepheshe badumisa izinjini. Ngemuva kwesikhashana, indiza-mkhathi yawushiya uMhlaba. Ngemuva kokuthi esehambe emoyeni isikhathi esasibukeka siside kakhulu, indiza-mkhathi yathi cabababa esiteshini emkhathini. ULolo wayekwazi ukubona isathelayithi ngefasitela. Wathinta inkosi nendlovukazi esebenzisa uhlobo olukhethekile lomsakazo ebazisa ukuthi wayefike ephephile. Wonke umuntu ekhaya wahlalalisa kanti abazali bakhe babejabule ngokukhethekileyo ukwazi ukuthi indodakazi yabo yayisaphila futhi ingumqemane.

Kodwa umsebenzi awuzange uhambe kahle ngendlela owawuhlelwe ngayo. Kwaba yizinsuku uLolo esokola ukuthola ukuthi inkinga kwabe kuyini. Wayazi ukuthi ukuphumelela komsebenzi kwakusezandleni zakhe futhi wayengafuni ukwenzela wonke umuntu phansi. Ekugcineni ukudla namanzi kwethimba lasemkhathini kwaqala ukuphela. Umsebenzi wawusuphenduke waba nzima kakhulu, kodwa intombazanyana ehlakaniphile yaqhubeka nokusebenza, isebenza, kwaze kwathi ngolunye usuku ... yakuthola okwakonakele! Enye yezintambo zesathelayithi yayishile, idinga ukushintshwa. Wanele wakwenza lokho uLolo, i-inthanethi yabuya! Wonke umuntu osesigodini sakhe kanye nosemhlabeni wonke wagubha.

Ngemuva kohambo olunzima kodwa olunempumelelo, uLolo wabuyela ekhaya. Wayeyiqhawekazi! Inkosi kanye nendlovukazi babeziqhenya kakhulu ngaye ngangokuthi bamnikeza indondo yokumhlonipha futhi betha umntwana wabo olandelayo ngegama lakhe.

Nal'ibali fun



1. Read this story and then look at the picture.

One hot summer's day, Gogo decided to take Neo, Bella and Mbali to the beach. Bella didn't want to leave Noodle at home, so he came too!

As soon as they got to the beach, Gogo put up a purple and red umbrella to give them some shade. But Bella wasn't interested in sitting under an umbrella – she wanted to build a sandcastle for a queen!

"Put on your new red sunhat if you're going to play in the sun," said Gogo.

First, Bella spent time collecting sand and seashells in her green bucket. Then she spent time digging and building. She didn't stop until she had finished the sandcastle, even though it was very hot in the sun!

Neo decided that he wanted to read and so he settled down under the umbrella. He was so busy reading that he forgot to take off his sunglasses and sandals.

"Why is it so dark at the beach today, Gogo?" he asked. "I can hardly see the pictures in my book."

"Well, if you took off your sunglasses, it might help you see better!" laughed Gogo.

Mbali, who always copies her big brother, sat down next to Neo and started to read his book about dogs. But being at the beach is tiring when you are two years old and it wasn't long before she fell fast asleep with the book over her face and her teddy bear next to her on the towel.

And what did Noodle do? He decided that he wanted to surf!



Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Funda indaba bese ubheka isithombe.

Ngelinye ilanga lasehlobo elishisayo, uGogo wanquma ukuthatha uNeo, uBella noMbali baya olwandle. UBella wayengafuni ukushiya uNoodle ekhaya, ngakho naye wahamba!

Bathi nje uma befika ebhishi, uGogo wamisa isambulela esinokubukhwebezane nokubomvu ukubenzela umthunzi. Kodwa uBella wayengakuthandi ukuhlala ngaphansi kwesambulela – wayefuna ukwakhela indlovukazi inqaba yesihlabathi!

"Faka isigqoko sakho selanga esisha esibomvu uma uzoyodlala elangeni," kwasho uGogo.

UBella waqala ngokuthatha isikhathi eqoqela isihlabathi namagobolondo asolwandle ebhakedeni lakhe eliluhlaza okotshani. Emva kwalokho wachitha isikhathi egubha abuye akhe. Akazange ame waze waqeda ukwakha inqaba yesihlabathi, naphezu kokuthi kwakushisa kakhulu elangeni lapho!

UNeo wanquma ukuthi ufuna ukufunda, ngakho-ke wazihlalela ngaphansi kwesambulela. Wayelokhu efunda ngendlela yokuthi wakhohlwa wukukhumula izibuko zakhe nezingxabulela.

"Kungani kube mnyamana olwandle namuhla, Gogo?" kwabuza yena. "Angiziboni kahle izithombe encwadini yami."

"Hhayi phela, uma ungakhipha izibuko zakho zelanga, kungase kukusize ukuthi ubone kangcono!" kuhleka uGogo.

UMbali, owayejwayele ukulingisa umnewabo, wahlala phansi eduze kukaNeo, wayeseqala ukufunda incwadi yakhe emayelana nezinja. Kodwa ukuba solwandle kuyakhathaza uma uneminyaka emibili yobudala, ngakho kungekudala wayeselele zwi ubuthongo incwadi imemboze ebusweni nothedibhe wakhe useduze kwakhe ethawuleni.

UNoodle yena-ke wayenzani? Wanquma ukuthi ufuna ukushwiza emagagasini olwandle!

2. Can you find 6 places where the story doesn't match the picture?

Ungakwazi ukuthola izindawo eziyisi-6 lapho indaba ingaqondaniseki khona nesithombe?

3. What do you think happens next in the story? Use the lines below to continue the story.

Ucabanga ukuthi yini okulandelayo okwenzekayo endabeni? Sebenzisa imigqa engezansi ukuqhuba indaba.



Answers: 1. purple and red umbrella, green bucket, red sunhat, a book about dogs, teddy bear on the towel
2. isambulela esibukhwebezane nokubomvu, isigqoko selanga esibomvu, ifhunga eliluhlaza okotshani, izingxabulela, incwadi emayelana nezinja, ithedibhe ophezu kwethawula

Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** by calling our call centre on **02 11 80 40 80**, or in any of these ways:
UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. **Thintana nathi** ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)



Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your
imagination

